



Edition 48  
IsiZulu, English

## Just good parenting!

**Sharing books with your children gives you the opportunity to build a strong and loving bond with them while also helping to develop the literacy skills that are so important for their success at school.**

Reading helps to open your children's eyes, hearts and minds to other people and to different situations. And, when you read to them, you help to establish reading as something they will continue to do for pleasure throughout their lives. So really, reading to your children is just good parenting!

Here are some tips for sharing books with your children, no matter what their age.

- Invite your children to read with you for at least 15 minutes every day.
- Find somewhere quiet and comfortable to read. Beds and couches make good indoor reading places. Turn off the radio, TV and computer.
- Ask your child to choose a book for you to read together. This shows that you care about what they think and they are more likely to engage with a book that they have chosen themselves!
- Sit close together and encourage your child to hold the book themselves

or to help you do this. Younger children enjoy turning the pages. Invite older readers to read the words of one of the characters or a paragraph or two of the story.

- Try different things to make stories come alive! Use different voices for different characters. Read softly in quiet, gentle parts of a story. Read quickly if a

character is in a hurry, or is being chased. Read in a big, booming voice for loud noises in the story.

- Talk about the story together. Encourage your children to share their opinions of the ways in which the characters in the story behave and the choices they make. Develop your children's prediction skills by asking, "What do you think is going to happen next?" at different points in the story.
- If the book has illustrations, enjoy looking closely at them together. Comment on things you notice and like in the illustrations and encourage your children to do the same.

- But, most of all, simply enjoy sharing different books together. Relax and do whatever it takes to make these times fun for all of you.

For more ideas about how to get and keep children reading, visit "Tips and Topics" on [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



## Ukukhulisa kahle izingane!

**Ukwabelana nezingane zakho ngezincwadi kukunikeza ithuba lokwakha ubudlelwane obunamandla nobunothando nazo ngesikhathi uzisiza ukuthi zithuthukise amakhono azo okwazi ukufunda nokubhala abaluleke kakhulu empumelelweni yazo yasesikoleni.**

Ukufunda kusiza ukuvulela amehlo, izinhliziyi nemiqondo yezingane zakho kokwenzeka kwabanye abantu nasezimweni ezahlukene. Futhi, uma uzifundela, uzisiza ukuthi ziithole ukufunda kuyinto ezihlala ziyenzela ukuzithokozisa impilo yazo yonke. Ngakho, ukufundela izingane zakho kungukukhulisa kahle izingane!

Nanka amanye amacebo okwabelana nezingane zakho ngezincwadi, noma ngabe zineminyaka emingaki.

- Cela izingane zakho ukuthi zifunde nawe okungenani imizuzu eyi-15 ngosuku.
- Thola indawo engenamsindo nenizohlala ngokuthokomala nifundele kuyo. Imibhede namakhawushi kwenza izindawo ezinhle

zokufundela endlini. Cima umsakazo, umabonakude nekhompyutha.

- Cela ingane yakho ukuthi ikhethe incwadi enizoyifunda ndawonye. Lokhu kukhombisa ukuthi unendaba nalokho ekucabangayo futhi maningi amathuba okuba igxile encwadini eyikhethe!
- Hlalani nisondelane futhi khuthaza ingane yakho ukuthi izibambe incwadi noma ukuthi ikusize ukuthi uyibambe. Izingane ezincane ziyakuthokozela ukuphenya amakhasi. Cela izingane ezindadlana ukuthi zifunde amagama omunye umlingiswa noma isigaba esisodwa noma ezimbili zendaba.
- Zamani izinto ezahlukene ezizokwenza ukuthi izindaba ziphile! Sebenzisa amaphimbo ahlukeni kubalingiswa abahlukene. Fundela phansi ezingxenye zendaba ezibhekise kokuthule, nokushiwolo phansi. Funda usheshe uma umlingiswa ephuthuma noma exoshwa. Funda ngezwi elikhulu, eliphakeme uma kubhekiswa emisindweni emikhulu endabeni.
- Xoxani ngendaba ndawonye. Khuthaza izingane zakho ukuthi zabelane ngemibono yazo ngendlela

abaziphatha ngayo abalingiswa abasendabeni nalokho abakhetha ukukwenza. Thuthukisa amakhono engane okuqagela okuzokwenzeka, ngokubuza ukuthi, "Ngabe ucabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" ezingxenye ezahlukene endabeni.

- Uma incwadi inemidwebo, thokozelani ukuyibukisa nindawonye. Phawula ngezinto ozibonayo nozithandayo emdwebeni bese ukhuthaza izingane ukuthi nazo zenze okufanayo.
- Kodwa okukhulu kunakho konke, velani niithokozele ukwabelana ngezincwadi ezahlukene nindawonye. Khululekani bese nenza konke okusemandleni enu ukuthi lezi zikhathi zibe mnandi kini nonke.


Ukuze uthole eminye imiqondo mayelana nokuthi ungenza kanjani ukuthi izingane zifunde futhi ziqhubeke nakho, vakashela ku-"Tips and Topics" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi).



Drive your  
imagination

Read to me. Again! Again!

Ngifundele.  
Phinda! Ubuye uphinde!





Drive your imagination



## Story stars Sparking an interest in reading

John Jansen has been a member of the Gonubie Rotary Club for 15 years. He runs the community services section of the club, which focuses on using literacy to develop communities. We spoke to him about the work that this Rotary Club does.

### Why is literacy important?

Being able to read broadens your horizons and enables you to study. A story can be the spark that starts that process. If people are able to read, and can understand what they are reading, then they can learn and develop.

### How has the Gonubie Rotary Club promoted literacy?

We provided a library for the new high school in Gonubie. We have run literacy classes for adults and given solar reading lamps to children who want to read or study, but have no electricity.

### Why is reading for enjoyment important?

When children read for pleasure, they read for self-interest and to satisfy their curiosity. This broadens their minds and their outlook on life. It also builds their self-confidence.

### Who read you your first stories?

My mother always read to me. My love of reading was sparked by the books in the *Hardy Boys* series – I owned every one. Today, one of my favourite books to read to children is *Treasure Island* by R.L. Stevenson.

### How has Nal'ibali made a difference?

The free Nal'ibali reading-for-enjoyment supplement is a big help because most reading resources cost money. When we first discovered the supplement in the *Daily Dispatch*, we chose just rural schools to distribute the supplements to. This has spread to include schools for children with special needs. Every two weeks two of us will do the rounds – we deliver 400 Nal'ibali supplements to six schools. Up to date, we have handed out about 16 000 copies of the Nal'ibali supplement!

### What do children seem to enjoy most about the Nal'ibali supplement?

They love cutting out and making their own books to keep each week.

### What advice do you have for adults about reading to children?

If you feel uncomfortable reading to children, then rather tell stories, such as folk tales, or use wordless picture books as a guide to make up stories. This will spark your children's interest in stories and encourage them to learn to read.



Pic: Daily Dispatch

## Abavelele ezindabeni Ukokhela uthando lokufunda

UJohn Jansen usebe ilungu le-Gonubie Rotary Club iminyaka eyi-15. Uphethe uMnyango wezinsiza zomphakathi kule nhlangano, egxile ekusebenziseni ukwazi ukufunda nokubhala ukuze kuthuthukiswe imiphakathi. Sikhulume naye ngomsebenzi owenziwa yile Rotary Club.

### Kubaluleke ngani ukwazi ukufunda nokubhala?

Ukwazi ukufunda nokubhala kukuvulela izindawo ongafinyelela kuzo ubuye ukwazi nokufunda ucubungule izinto. Indaba ingaba inhansi engaqala lolu hlelo. Uma abantu bekwazi ukufunda okubhaliwe, futhi beqonda ukuthi bafundani, bangakwazi ukufunda okusha nokuthi bathuthuke.

### Ngabe isikuthuthukisile yini ukwazi ukufunda nokubhala i-Gonubie Rotary Club?

Sihlinzeke ngomtapo wezincwadi esikoleni samazinga aphezulu esisha eGonubie. Siqhuba izifundo zokwazi ukufunda nokubhala zabantu abadala futhi sinikele ngamalambu asebenza ngemisebe yelanga ezinganeni ezifuna ukufunda noma ukutadisha, ezingenawo ugesi.

### Kubaluleke ngani ukufundela ukuzithokozisa?

Uma izingane zifundela ukuzithokozisa, zifunda ngoba zinentshisekelo nokuthi zithole ukuthi le nto ebezizifuna injani. Lokhu kuvula imiqondo yazo nendlela ezibuka ngayo impilo. Futhi kwenza ukuthi zizethembe.

### Wafundelwa ngubani izindaba zakho zokuqala?

Umama wami wayehlale engifundela. Uthando lwami lokufunda lokhelwa izincwadi ochungechungeni lwe-*Hardy Boys* – nganginazo zonke. Namhlanje, enye yezincwadi engizithandayo ezingafundelwa izingane i-*Treasure Island* ka-R.L. Stevenson.

### Uwenze kanjani umehluko uNal'ibali?

Izithasiselo zamahhala zomkhankaso wokufundela ukuzithokozisa weNal'ibali ziwusizo olukhulu ngoba izinsiza zokufunda eziningi zibiza imali. Mhla siqala ukuthola izithasiselo ku-*Daily Dispatch*, savele sakhetha izikole zasemakhaya ukuze izithasiselo sizihambise kuzo. Lokhu sekusabalele ukuze kubandakanye nezikole zezingane ezinezidingo ezithile. Njalo ngemva kwamasono amabili kuhamba ababili kithi – sihambisa izithasiselo zeNal'ibali ezingama-400 ezikoleni eziyisithupha. Ukuzofika manje, kungenzeka ukuthi sesihambise amakhophi ezithasiselo zeNal'ibali eziyi-16 000!

### Yini ekubukeka sengathi ithandwa kakhulu izingane ezithasiselweni zikaNal'ibali?

Zithanda ukusika zikhiphe izincwadi zazo ezizozigcina isonto ngalinye.

### Ungabacebisa uthini abantu abadala mayelana nokufundela izingane?

Uma ungaphatheki kahle ngokufundela izingane, okungcono xoxa izindaba, ezifana nezinganekwane, noma usebenzise izincwadi ezinezithombe kuphela kanye nomkhombandlela wokuthi ungaziqambela kanjani izindaba. Lokhu kukokhela intshisekelo ezinganeni ezindabeni futhi kuzikhuthaze ukuthi zifunde ukufunda okubhaliwe.

Across the country, individuals and organisations are finding ways to make reading and writing part of children's daily lives. To say thank you, our featured **Story Stars** will receive meal vouchers\* courtesy of **Wimpy** to enjoy with the children in whose lives they are making a difference.

\* For terms and conditions that apply, go to [www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).



Ezweni lonke, umuntu ngamunye kanye nabezinhlangano bathola izindlela zokwenza ukufunda nokubhala kube yingxenye yempilo yezingane yansuku zonke. Ukuze sibabonge, **Abavelele Ezindabeni** okubhalwe ngabo bazothola amavawusha okudla\* ngezilokotho ezinhle zakwa**Wimpy** ukuze bawathokozele nezingane abenza umehluko ezimpilweni zazo.

\* Ukuze uthole imigomo nemibandela esebenzayo, iya ku-[www.nalibali.org/story-stars](http://www.nalibali.org/story-stars).

## Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday to Wednesday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday, Wednesday and Friday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



## UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nesiNgisi kuhlelo lomsakazo lukaNal'ibali:

Ku-UKhozi FM ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko, ngoLwesithathu nangoLwesihlanu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

### Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

### Zakheleni eyenu incwadi enizoyisika niyikhiphe bese niyigcina


1. Khipha amakhasi 3 ukuya ku-6 kulesi sithasiselo.
2. Lisonge libe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Lisonge libe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.



Namanye amadube ayefuna imithende nawo, kodwa athi uma ebuzwa ukuthi angayitholaphi, idube elincane lenqaba ukusho. "Imfihlo yami leyo!" lihleka.

"Ngivikelewa imithende yami!" lisho ngeqholo. kubuza wona.

"Ukwazi kanjani ukumelana nokuhlala elangeni?" njengenjwayelo.



Ngesikhathi idube elincane lifika ekhaya, amanye amadube ayekhosele ngaphansi kwezihlahla njengenjwayelo.

"Ukwazi kanjani ukumelana nokuhlala elangeni?" kubuza wona.

"Ngivikelewa imithende yami!" lisho ngeqholo. kubuza wona.


"Ukwazi kanjani ukumelana nokuhlala elangeni?" njengenjwayelo.

When the little zebra arrived home, the other zebras were sheltering under the trees as usual.

"How can you bear to stay out in the sun?" they asked.

"My stripes protect me!" he said proudly.

The other zebras wanted some stripes too, but when they asked where to get them from, the little zebra refused to tell. "That's my secret!" he laughed.



Joyfully he galloped down the mountain. Though the sun was hot, it didn't burn him.

Laligabavula ngokujabula ngesikhathi lehla entabeni. Noma lalishisa ianga, kodwa alizange lilishise.

This story of how zebras got their stripes was inspired by the animated feature film, *Khumba*.

Life is not all black and white for Khumba, a young zebra born with only half his stripes, who is rejected by his superstitious herd and blamed for a sudden drought affecting the land.

Teaming up with a sassy wildebeest and a flamboyant ostrich, Khumba sets out on a daring mission across the Karoo desert to find the legendary waterhole where the first zebras got their stripes. Along the way he meets a host of colourful characters, but before he can reunite with his herd, Khumba will have to come face to face with a menacing leopard in an epic battle to earn his stripes.

Half a zebra, a whole lot of adventure!

[www.khumbamovie.com](http://www.khumbamovie.com)

SEE *KHUMBA* IN CINEMAS IN 3D IN ENGLISH OR AFRIKAANS FROM 25 OCTOBER 2013!




# HOW THE ZEBRAS GOT THEIR STRIPES

## AMADUBE AYITHOLA KANJANI IMITHENDE

Anthony Silverston  
Raffaella Delle Donne  
Daniel Clarke



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nangokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)



Ngakho idube elincane langena emanzini, lathi  
uma liphuma, isikhumba salo esimhlophe sabe  
sesimbozwe imithende emihle emnyama!



So the little zebra stepped into the water, and when  
he came out, his pale skin was covered in wonderful  
black stripes!



Long, long ago, zebras had no stripes at all. They were  
so pale that they had to shelter from the fiery Karoo sun  
at midday. All the zebras were happy, except for one.

“Mama,” he complained, “why are we all the same?  
I wish I looked different!”

The zebra’s mother smiled. “We may all *look* alike,”  
she said, “but we’re all different – on the inside.”

Kudala kakhulu, amadube ayengenayo nhlobo imithende.  
Ayekhanya kakhulu kangankuthi kwakudingeka afune  
indawo yokukhoselela ilanga lasemini laseKaroo elishisa  
kakhulu. Ayethokoze wonke amadube, ngaphandle  
kwelilodwa.

“Mama,” lakhononda, “kungani sifana sonke? Ngiyafisa  
sengathi ngabe ngibukeka ngendlela eyehlukile!”

Wamamatheka umama wedube. “Kungenzeka ukuthi  
sonke *sibukeka* sifana,” kusho yena, “kodwa sonke  
sehlukile – ngaphakathi.”



The zebras were disappointed. For some days, they  
stayed away from the little zebra. At first, he was too  
busy grazing in the hot sun to care, but after a few  
days, he started missing his herd.  
Amadube adumala. Kwaba yizinsuku ezimbalewa  
engahlali nedube elincane. Ekuqaleni, lalizidla  
elangeni elishisayo lingenandaba, kodwa ngemva  
kwezinsuku ezimbalewa, laqala ukukhumbula  
umhlambi walo.



“The funny thing is ...” the little zebra said with a smile,  
“we’re all different now!”

And he was right too – all zebras have stripes, but no  
two zebra skins are ever exactly the same!

“Into ehlekisayo ukuthi ...” kusho idube elincane  
limamatheka, “sehlukile sonke manje!”

Nembala laliqinisele – wonke amadube anemithende,  
kodwa awekho amadube amabili anezikhumba  
ezifana ncmishi!

“Ngiyaxolisa,” kusho idube elincane, ngesikhathi liwuthola. “Bengicabanga ukuthi kumnandi ukuba nemithende ngedwa, kodwa ngenze iphutha. Uma ningliandela, ngizonikhombisa ukuthi ngiyitholephi!”




“I’m sorry,” the little zebra said when he found them. “I thought it was fun to be the only one with stripes, but I was wrong. If you follow me, I’ll show you where I got them.”

“I’m very proud of you,” said the little zebra’s mother. “You could have kept the waterhole to yourself, but you chose to help us all. I always knew you were different.”

“Ngiyaziqhenya ngawe,” kusho umama wedube elincane. “Ubungagcina umgodi wamanzi waziwa nguwe wedwa, kodwa ukhethe ukusiza sonke. Bengisolokhu ngazi ukuthi kukhona okwehlukile ngawe.”



Ngemva kwesikhathi eside, latika emgedeni langena ngokucophelela. Lathola umgodi onamanzi ekujuleni komgede. “Ngena,” kwakungathi amanzi amnyama asho kanjalo. “Ngena!”




After a long time, he reached a cave and cautiously went inside. Deep inside the cave, he found a waterhole. “Come in,” the dark water seemed to be saying. “Come in!”

“That isn’t good enough!” said the little zebra crossly. “I want to be different on the outside too, where everybody can see!”

So, he tried to look different. He rolled in acacia sap, and then stuck leaves onto himself, but he just looked silly and the other zebras laughed at him.

“Akwenele lokho!” kusho idube elincane ngentukuthelo. “Ngifuna ukwehluka nangaphandle futhi, lapho kubona khona wonke umuntu!”

Ngakho, lazama ukubukeka lehlukile. Lazigingqa enkovini yomunga, lase lizinamathisela amahlamvu, kodwa lalibukeka kabi namanye amadube alihleka.



He travelled for many days through the karoo veld, until he came to a high mountain. Up, up, up he climbed. Something about this place felt magical to him.

Lahamba izinsuku eziningi lingamula inkangala yasekaroo, laze lafika entabeni ephakeme. Lakhuphuka, lakhuphuka, lakhuphuka liya phezulu. Kukhona into eyayingathi umlingo nje ngale ndawo.



The little zebra refused to give up. "Goodbye, Mama," he said one day. "I'm going to find a way to look different." And off he went.

Idube elincane alizange liyeke. "Usale kahle, Mama," lasho ngelinye ilanga. "Ngizoyithola indlela yokubukeka ngendlela eyehlukile."

Lahamba.

The little zebra led the herd across the veld and up, up the mountainside until they came to the cave with the waterhole. The herd followed him into the cave.

Idube elincane lahola umhlambi banqamula enkangala base bekhuphuka, bekhuphuka, bekhuphuka intaba baze batika emgedeni onomgodi omanzi. Umhlambi walilandela langena emgedeni.



"Here it is," he said. "This is the magical waterhole that gives stripes."

One by one, the zebras swam in the magic waterhole. Soon they were all covered in beautiful stripes!

"Nanku," kusho lona. "Nanku umgodi wamanzi onomlingo owenza imithende."

Amadube angena ngalinye ngalinye abhukuda emgodini wamanzi anomlingo. Ngokuphazima kweso, wonke ayesenemithende emihle!



## Get story active!

With your children, enjoy reading the story *How zebras got their stripes*. Here are some ideas for you to try out before, during and after reading.



### Before

- Let younger children take a quick look at the pictures and use them to predict or guess what the story is about.
- Encourage older children to read the title of the story. Ask them what they know about zebras, for example, what they look like, where they live and what they eat. Have they ever seen a zebra or a photograph of one?

### During

- As you read, help develop children's prediction skills by asking, "What do you think will happen next?" after you have read pages 5 and 12.
- Look at some of the pictures more closely. Draw your children's attention to the details and talk about these together.
- If your children can already read, let them read the words spoken by the little Zebra.

### After

- Let your children draw a picture that is inspired by the story and then write about their picture. You can help younger children by writing the words that they tell you.
- Do you or your children know other stories that explain why animals look the way they do? Share the stories you know and look for new ones together on the Internet and at the library. You can find two stories like this on the Nalibali website ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) and mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)): *Squirrel and the sun* and *Haruki's tail*.

## Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Thokozela nezingane zakho ukufunda indaba ethi, *Amadube ayithola kanjani imithende*. Nanka amanye amacebo ongawazama ngaphambi, ngesikhathi nangemuva kokufunda.

### Ngaphambi kokufunda

- Vumela izingane ezincane ukuthi zibheke izithombe bese zizisebenzisa ukubikezela noma ukuqagela ukuthi indaba ingani.
- Khuthaza izingane ezindadlana ukuthi zifunde isihloko sendaba. Zibuze ukuthi zazini ngamadube, isibonelo, ukuthi abukeka kanjani, ahlalaphi nokuthi adlani. Ngabe zake zalibona idube noma isithombe salo?

### Ngesikhathi nifunda

- Ngesikhathi ufunda, siza ukuthuthukisa amakhono ezingane okuqagela ngokubuza ukuthi, "Ngabe nicabanga ukuthi yini elandelayo ezokwenzeka?" ngemva kokufunda amakhasi, elesi-5 nele-12.
- Nibheke ngokucophelela ezinye izithombe. Khombisa izingane zakho imininingwane bese nikhuluma ngalokhu ndawonye.
- Uma sezikwazi ukufunda izingane zakho, zivumele ukuthi zifunde amazwi ashiwo iDube elincane.

### Ngemuva kokufunda

- Vumela izingane zakho ukuthi zidwebe isithombe esisuselwa endabeni bese ubhala ngesithombe sazo. Ungasiza izingane ezincane ngokuthi ubhale amagama ezikutshela wona.
- Ngabe wena noma izingane zakho niyazi ngezinye izindaba ezichaza ukuthi kungani izilwane zibukeka ngendlela ezibukeka ngayo? Yabelanani ngezindaba enizaziyo bese nifuna ezinye ndawonye e-Inthanethini nasematsheni wezincwadi. Ungathola izindaba ezimbili ezifana nale ewebhusayithini yakwaNalibali ([www.nalibali.org](http://www.nalibali.org)) naku-mobisite ([www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi)): *ISinkwe nelanga* nethi *Umsila kaHaruki*.



### Win a trip to the movies!

To celebrate the release of *Khumba* in English and Afrikaans in 3D in cinemas on 25 October 2013, we're giving away movie tickets! Simply SMS your name and the name of the movie to 32545 or email these details to [letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) by 31 October 2013 and stand a chance of winning one of five pairs of movie tickets. R1,00 per SMS.

### Wina uhambo oluya emamuvini!

Ukuze ugubhe ukukhishwa kuka*Khumba* ngesiNgisi nesiBhunu nge-3D mhla ka-25 Okthoba 2013, siphisana ngamathikithi emuvi! Vele uthumele nge-SMS igama lakho negama lemuvi ku-32545 noma uthumele le mininingwane ku-[letters@nalibali.org](mailto:letters@nalibali.org) kungakedluli umhla ka-31 Okthoba 2013 bese uba semathubeni okuwina amathikithi emuvi ahamba ngamabili amahlanu. I-SMS ibiza u-R1,00.

## Collect the Nalibali characters

Cut out and keep all your favourite Nalibali characters and then use them to create your own pictures, posters, stories or anything else you can think of!

### About Neo

Age: 8


**Family members:** Mbali is his sister; Afrika is his cousin

**Friends:** Josh, Bella

**Favourite colour:** red

**Favourite sport:** soccer

**Likes stories about:** adventures and pirates



## Ziqoqele abalingiswa bakwaNalibali

Sika bese ugcina bonke abalingiswa bakwaNalibali obathandayo bese ubasebenzisela ukwenza ezakho izithombe, izindaba noma nanoma yini oyicabangayo!

### Okumayelana noNeo

**Iminyaka yobudala:** 8

**Amalungu omndeni:** uMbali ungodadewabo; u-Afrika ungunzala wakhe

**Abangani:** uJosh, uBella

**Umbala awuthandayo:** obomvu

**Ezemidlalo azithandayo:** ibhola likanobhutshuzwayo

**Uthanda izindaba ezimayelana:** nezigemegeme ezithile nezigwelegwele zasolwandle

### Here's an idea...

Cut out and colour in the picture of Neo and then paste it on a large sheet of paper. Then do one or more of the following things.

- Write in the name of the book Neo is reading and draw a picture on the front cover.
- Complete the picture to show where Neo is sitting and reading!

Or, keep the picture in a safe place and when you have collected all the Nalibali characters, use them to create your own Nalibali poster!

### Nali icebo...

Sika ukhiphe bese uhlobisa ngombala isithombe sikaNeo bese usinamathisela ephepheni elikhulu. Bese wenza okukodwa noma okungaphezulu kulezi zinto ezilandelayo.

- Bhala igama lencwadi efundwa nguNeo bese udweba isithombe ekhasini elingaphambili.
- Qedela isithombe ngokukhombisa ukuthi ufunda ehlelphi uNeo!

Noma, ugcine isithombe endaweni ephephile bese uma usuthole bonke abalingiswa bakwaNalibali, ubasebenzisele ukuzenzela eyakho iphosta yakwaNalibali!

## Story corner

Here is the first part of a story for you to enjoy. It is about a boy, Vusi, his younger sister, Sinazo, and their pets.

### Vusi and Sinazo (Part 1)

by Helen Brain

Vusi loved his dog, Domino. Domino was white with three black spots on his back. Vusi's little sister, Sinazo, loved her cat, Fluffy. Fluffy was black with three white spots on her tummy.

"My dog is better than your cat," said Vusi one Sunday morning as the children were having breakfast. "Domino doesn't scratch me, or drink my milk and he never walks on my schoolbooks with muddy paws."

"Domino is very naughty," said Granny. "When you tell him to sit, he jumps around. When you tell him to jump, he sits down, and when you sit down, he jumps up and licks your face!"

"My cat is better than your dog," said Sinazo. "Fluffy does not lick my face nor steal my ice cream. Fluffy doesn't make a mess in the yard and she never barks."

"No need to fight," Granny told Vusi and Sinazo. "Now finish your breakfast and put Domino and Fluffy in the yard. Then wash your face, brush your teeth, comb your hair and put on your clothes for church."

Vusi took Domino into the yard. "Stay here," he said. Vusi ran back inside, but he forgot to shut the kitchen door. Domino followed him right back inside and quickly hid under Vusi's bed.

Sinazo took Fluffy into the yard. "Stay here," she said. Sinazo ran back inside, but she forgot to shut the bedroom window. Fluffy went right back inside. She jumped on top of the wardrobe and went to sleep.

The children washed their faces, brushed their teeth and combed their hair. Then they went into their bedroom to get dressed.

Sinazo was trying to reach her dress in the wardrobe. "Woof, woof, this is fun," barked Domino. He jumped up and licked Sinazo with his long red tongue.

"Go away, Domino!" she shouted.

Fluffy woke up. She looked over the edge of the wardrobe and saw Domino jumping on Sinazo. "Ssssss!" she hissed. "Get off her, or I will scratch you."

Just then Granny came marching down the passage. She was wearing her best dress, her smart shoes and her favourite hat. "What is going on in here?" she asked sternly, opening the door. "It is almost time to leave."

**Do you think Granny is angry? What will happen next? Find out next week what surprising things happen while Granny, Vusi and Sinazo are at church.**

### In your next Nal'ibali supplement:

- How to choose books
- Story Stars: The art of giving
- Collect the Nal'ibali characters: Bella
- A mini-book, *Just right!*
- The final part of the story, *Vusi and Sinazo*

Running out of story ideas? Explore our "Reading and Storytelling tips" section at [www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) or [www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) for articles and ideas to encourage a love of reading in your child, and to help keep them hooked!



Find us on Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)  
Sithole ku-Facebook:  
[www.facebook.com/nalibaliSA](http://www.facebook.com/nalibaliSA)

## Ikhona lezindaba

Nansi ingxenye yokuqala yendaba ozoyithokozela. Imayelana nomfana ogama lakhe linguVusi, udadewabo omncane uSinazo nezilwane ezingabangani babo.

### UVusi noSinazo (Ingxenye yoku-1)

Ibhalwe nguHelen Brain

UVusi wayeyithandainja yakhe uDomino. Wayemhlophe uDomino enamabala amathathu amnyama emhlane wakhe. Udadewabo kaVusi omncane, uSinazo, wayethanda ikati lakhe uFluffy. Wayemnyama uFluffy enamabala amathathu amhlophe esiswini sakhe.

"Inja yami ingcono kunekati lakho," kusho uVusi ekuseni ngolunye usuku lwangeSonto ngesikhathi izingane zidla isidlo sasekuseni. "UDomino akangikwebhi, akaluphuzi ubisi lwami, futhi akahambi phezu kwezincwadi zami ngezidladla ezinodaka."

"UDomino ugange kakhulu," kusho uGogo. "Uma uthi akahlale, uyagxumagxuma. Uma uthi akagxume, uhlala phansi, bese uthi uma uhlala phansi, agxume akukhothe ubuso!"

"Ikati lami lingcono kuneinja yakho," kusho uSinazo. "UFluffy akangikhothe ubuso futhi akawuntshontshi u-ayisikhilimu wami. UFluffy akangcolisi egcekeni futhi akakhonkothi."

"Asikho isidingo sokulwa," kusho uGogo kuVusi noSinazo. "Manje qedani isidlo senu sasekuseni nibeke uDomino noFluffy phandle. Bese nigeza ubuso benu, nixubhe amazinyo, nikame izinwele zenu bese, nigqoka izingubo zasesontweni."

UVusi wakhiphela uDomino phandle. "Hlala la," kusho yena. UVusi wagijima wabuyela endlini kodwa

wakhohlwa ukuvala umnyango wasekhishini. UDomino wamlandela wabuyela endlini wacasha ngaphansi kombhede kaVusi.

USinazo wakhiphela Fluffy phandle. "Hlala la," kusho yena. USinazo wagijima wabuyela endlini, kodwa wakhohlwa ukuvala ifasitela lekamelo lokulala. UFluffy wabuyela endlini. Wagxumela phezu kwewodilobhu walala.

Izingane zageza ubuso bazo, zaxubha, zakama izinwele zazo. Zabuyela emakamelweni azo ukuyogqoka.

USinazo wayezama ukufinyelela engutsheni yakhe kuwodilobhu yakhe. "Hhu, hhu, kumnandi lokhu," kukhonkothi uDomino. Wagxuma wakhotha uSinazo ngolimi lwakhe olubomvu olude.

"Suka, Domino!" kumemeza yena.

Wavuka uFluffy. Wabheka ekupheleni kwewodilobhu wabona uDomino egxumela kuSinazo. "Ssssss!" esho ekhisila. "Suka kuye, uma ungenzi njalo ngizokukwebha."

Ngaso lesosikhathi kwangena uGogo ehla ngephasishi. Wayegqoke ingubo yakhe ephambili, izicathulo zakhe ezinhle nesigqoko sakhe asithandayo. "Kwenzenjani la?" wabuza ngolaka, ngesikhathi evula umnyango. "Sekuzoshaya isikhathi sokuhamba."

**Ngabe ucabanga ukuthi uGogo uthukuthele? Kuzolandelani? Thola ngesonto elizayo ukuthi mhlola muni owenzeke ngesikhathi uGogo, uVusi noSinazo besesontweni.**

### Esithasiselweni sakho esilandelayo sakwaNal'ibali:

- Ungazikhetha kanjani izincwadi
- Abavelele Ezindabeni: Ubuciko bokunikela
- Ziqoqele abalingiswa bakwaNal'ibali: Bella
- Ibhukwana, *Likahle impela!*
- Ingxenye yokugcina yendaba, *UVusi noSinazo*

Ngabe usuphelelwa amacebo ezindaba? Bhekani isigaba esithi "Reading and Storytelling tips" ku-[www.nalibali.org](http://www.nalibali.org) noma ku-[www.nalibali.mobi](http://www.nalibali.mobi) ukuze uthole okubhaliwe kanye nemiqondo yokugqoguzela uthando lokufunda ezinganeni zakho, futhi uzisize ukuthi zihlale zigxile ezincwadini!

